

## **PatientGO – ISivumelwano Selayisensi Somsebenzisi (“i-EULA” noma “ISivumelwano”)**

Sigcine ukuthuthukiswa ngomhlaka-23 June 2020

Le-EULA noma Isivumelwano (ndawonye okubizwa ngokuthi yiNqubomgomo Yethu Yobumfihlo) kanye nanoma yimiphi eminye imigomo yokusebenzisa eyengeziwe efakwe njengesikhombo ku-EULA, ndawonye kuba Imigomo Yethu Yokusebenzisa) futhi kusebenza lapho usebenzisa i-PatientGO App phakathi nokubamba kwakho iqhaza ocwaningweni lwezokwelapha. Imigomo Yokusebenzisa ihlukile kunoma yimiphi imigomo eqondisa ukubamba kwakho iqhaza ocwaningweni lwezokwelapha (Ucwaningo Lwezokwelapha) I-PatientGO App iyi-app yomshini ophathwayo ekuvumela ukuba, njengombambiqhaza oCwaningweni Lwezokwelapha, unakekele uhambo lwakho, indawo yokuhlala, kanye nesibonelelo sezindleko kuphela.

### **Singobani**

I-illingworth Research Group Limited ingumnikazi we-App kanye nomhlinzeki wensiza ye-Patient GO (sekukonke kubizwa ngokuthi "i-illingworth", "thina", noma "okwethu" kulesi Sivumelwano).

Uma unanoma yimiphi imibuzo, udinga usizo, noma uma ubhekana nanoma iyiphi inkinga lapho usebenzisa i-App sicela usithinte ngokuthumela i-imeyili ku-[patientgo@illingworthresearch.com](mailto:patientgo@illingworthresearch.com)

### **Indlela esizoxhumana ngayo nawe**

- Sizoxhumana nawe nge-imeyili, ucingo noma i-SMS sisebenzisa imininingwane yokuxhumana osinikeze yona lapho ubhukha futhi unakekela ezokuhamba, indawo yokuhlala kanye/noma isibonelelo sezindleko ngesikhathi ubamba iqhaza Ocwaningweni Lwezokwelapha.

### **Lapho uvuma ukwenza ngokuvumelana neMigomo Yokusebenzisa, ungase:**

- udawunilode noma ufake ikhophi ye-App emshinini wakho evumelana nezimfuneko zokuqala zohlelo njengoba zichaziwe ngezansi:
  - Uma usebenzisa i-iOS izimfuneko zokuqala i-iPhone 6s/iOS 13 SDK;
  - Uma usebenzisa i-android, i-android 6 OS kanye nemishini eyisekelayo;
  - Uma usebenzisa izinhlelo zewebusayithi, i-App isebenza ngezinhlelo zakamuva (zangesikhathi yenziwa) ze-Safari (ku-Apple), ne-Google Chrome, ne-Microsoft Edge.
- bheka, usebenzise futhi uveze i-App kuleyo mishini ngokwezinzuzo zakho kuphela;
- sebenzisa ikhasi lemininingwane yesiguli elinikeziwe ukuze uthole usizo lokufaka nokusebenzisa i-App ngendlela evumelekile;
- Sinika wena imvume yokusebenzisa i-App ngokuvumelana nalokho okuchazwe ngezansi kuLayisensi. Akufanele udlulisele i-App komunye umuntu, ukuze uthole imali noma okunye okuthile noma mahhala. Uma udayisa noma imuphi umshini okufakwe kuyo i-App, kumelwe uyisuse kuqala i-App emshinini owudayisayo.

## **Uma ungaphansi kweminyaka engu-18 ubudala**

I-App ayihloselwe ukusetshenziswa yizingane (“Ingane” yinoma ubani oneminyaka engaphansi kwengu-18 ubudala). Lapho Ingane ingumbambiqhaza Ocwaningweni Lwezokwelapha okusetshenziswa kulo i-App, i-App yenziwa itholakale ukuze idawunilodwe futhi isetshenziswe umuntu onakekela leyo Ngane, futhi noma yiziphi izicelo ezenziwa ku-App kumelwe zenziwe yilowo muntu ezenzela Ingane.

## **Ubumfihlo bakho**

Sikunikeza imininingwane ethile yendlela esicubungula ngayo imininingwane yakho (kuhlanganise leyo ebucayi) nesizathu sokwenza lokho, namalungelo akho ngokuphathelene naleyo mininingwane kuNqubomgomo Yobumfihlo.

Sicela uqaphele ukuthi ukuthumela izinto nge-inthanethi akugcini izinto ziyimfihlo futhi ziphephile ngokuphelele nokuthi noma yimiphi imiyalezo noma imininingwane oyithumelayo usebenzisa i-App ingase ifundwe noma ivinjwe abanye abantu, ngisho noma kukhona isaziso esikhethekile esithi leyo mininingwane ethunyelwayo ikhiyiwe.

## **Imigomo ye-iTunes ne-Google Play nayo iyasebenza**

Izindlela ongasebenzisa ngazo i-App zingase zilawulwe yimithetho nezinqubomgomo ze-iTunes ne-Google Play, futhi leyo mithetho nezinqubomgomo iyosebenza esikhundleni sale migomo lapho kuba khona umehluko phakathi kwayo yomibili.

## **Izinguquko ZeMigomo Yokusebenzisa**

Singase sidinge ukushintsha Imigomo Yokusebenzisa ukuze ibonise ukushintsha komthetho noma ukusebenza ngezindlela ezikahle noma ukuze ibhekane nokusebenza okwengeziwe esikufakayo. Siyaligodla ilungelo lokushintsha Imigomo Yethu Yokusebenzisa, futhi sikukhuthaza ukuba uhlale Imigomo Yokusebenzisa njalo ukuze ubone izinguquko.

## **Ukuthuthukiswa kwe-App**

Ngezikhathi ezithile singase siyithuthukise ngokuzenzakalelayo i-App ukuze siphucule ukusebenza kwayo, senze ushintsho ohlelweni lokusebenza noma silungise izinkinga zokuphepha. Noma singase sikucele ukuba uthuthukise i-App yakho ngenxa yalezi zizathu. Uma ukhetha ukungakufaki ukuthuthukiswa okunjalo noma ukhetha ukuphuma lapho i-app izithuthukisa ngokuzenzakalelayo ungase ungakwazi ukuqhubeka usebenzisa i-App.

## **Uma umakhalekhukhwini noma umshini owusebenzisayo kungowomunye umuntu**

Uma udawuniloda noma ungena ku-App ngomakhalekhukhwini noma omunye umshini ongewona owakho, kumelwe uthole imvume yomnikazi ukuze wenze lokho. Kuzoba umthwalo wakho ukwenza ngokuvumelana neMigomo Yokusebenzisa, kungakhathaliseki ukuthi umakhalekhukhwini noma umshini owakho yini.

## Ilayisensi

I-PatientGO app, imininingwane ethunyelwa ngohlelo lwekhomputha kanye nanoma yikuphi ukuthuthukiswa noma ukwenezela kuyo konke kubizwa ngokuthi “yi-App”. I-illingworth ikunikeza ilayisensi elinganiselwe engaphinde ithathwe, okungeyona eyakho kuphela, okungamelwe idluliselwe kwabanye, ilayiseni elinganiselwe yokudawuniloda, ukufaka nokusebenzisa i-App, isetshenziswe nguwe kuphela kungabi ngezinjongo zebhizinisi ngokuvumelana nemigomo yeSivumelwano.

## Imikhawulo yelayisensi

Uyavuma ukuthi ngeke:

1. uqashise, ubolekise, wenze ilayisensi, ukweletise, uhlinzeke noma ngandlela thile wenze kutholakale, i-App nganoma yiluphi uhlobo, iphelele noma iyingxenye kunoma ubani ngaphandle kwemvume ebhaliwe evela kithi;
2. ukopishe i-App ngaphandle uma lokho kuyingxenye evamile yokusebenzisa i-App noma lapho kudingeka khona ngenjongo yokulondoloza noma yokuvikeleka kokusebenza;
3. uhumushe, uhlanganise, ushintshe, wenze okuhlukile, uguqule noma ulungise, i-App yonke noma ingxenye yayo, futhi ngeke uvume ukuba i-App nanoma iyiphi ingxenye yayo ihlanganiswe nokunye noma ifakwe kokunye, nganoma yiluphi uhlelo, ngaphandle uma kudingeka ukuze kusetshenziswe i-App kumadivayisi ngokuvumelana nale Migomo Yokusebenzisa;
4. uqhahqe, uhlele kabusha, uwakhe kabusha umklamo noma wenze umsebenzi osuselwa ku-App yonke noma ingxenye yayo futhi ungazami noma yiziphi izinto ezifana nalokhu, ngaphandle uma (ngokuvumelana nezingxenye 50B no-269A ze-Copyright, Designs and Patents Act 1988) izenzo ezinjalo zingenakuvinjwa ngenxa yokuthi ziyadingeka ukuze kuhlakazwe i-App ukuze kutholakale imininingwane edingekayo ukuze kwenziwe uhlelo oluzimele elungasetshenziswa nge-App noma ngolunye uhlelo (Izinjongo Ezivumelekile), uma kuyimininingwane etholwa nguwe phakathi nezenzo ezinjalo:
  - a) akuveziwe noma akushiwongo ngaphandle kwemvume yethu ebhalwe kusengaphambili eya kunoma iyiphi inkampani eseceleni okungadingeki ngayo ukuba ivezwe noma ishiwo ukuze kufinyelelwe Izinjongo Ezivumelekile; futhi
  - b) ayisetshenziselwa ukwenza noma iluphi uhlelo olufana ne-App ngandlela esebenza ngayo; igcinwa ivikelwe; futhi isetshenziselwa Izinjongo Ezivunyelwe;
  - c) ivumelana nazo zonke izilawuli zobuchwepheshe noma imithetho yokuthunyelwa ngaphandle kanye nemithetho nqubo esebenza ebuchwephesheni obusetshenziswayo noma obusekelwa yi-App

## **Imikhawulo yokusebenzisa okuvumelekile**

Akumelwe:

5. usebenzise i-App nganoma iyiphi indlela ephula umthetho, nganoma iyiphi injongo ephula umthetho, noma nganoma iyiphi indlela engahambisani nale migomo, noma wenze izenzo zokukhwabanisa noma ezibangela ubungozi, ngokwesibonelo, ukungena ngokungavumelekile noma ukufaka ikhodi elimazayo, njengamagciwane, noma imininingwane elimazayo, ku-App noma ohlelweni lokusebenzisa;
6. weqe amalungelo obunini noma ezinkampani eziseceleni ngokuphathelene nokusebenzisa kwakho i-App, kuhlanganise ngokuthumela noma yini (ngokwezininga ukusebenzisa okunjalo kungekho ngaphansi kwelayisensi yale migomo);
7. uthumele noma yini ehlambalazayo, ehlukumezayo noma engafanele ngokuphathelene nokusebenzisa i-App;
8. usebenzise i-App ngendlela engalimaza, imise, ithwalise kanzima, ivimbe noma ihlukumeze uhlelo lwethi noma ezokuphepha noma iphazamise abanye abasebenzisi; futhi
9. uqoqe noma ubuthe noma yimiphi imininingwane ezinhlelweni zethu noma uzame ukuqoqa noma yikuphi ukuthumelelana okuya noma okuvela kumaseva asebenzisa i-App.

## **Amalungelo obunikazi nokusungula**

Onke amalungelo obunikazi nokusungula ku-App emhlabeni jikelele ngawethu futhi unikwe ilayisensi (awuyithengiselwanga yona) ye-App. Awunawo amalungelo obunikazi nokusungula i-App ngaphandle kwelungelo lokuyisebenzisa ngokuvumelana nemigomo yalesi Sivumelwano.

## **Umthwalo wethu ngokulahleka noma umonakalo othinta wena**

Sinomthwalo wokulahlekelwa kwakho nomonakalo esikwaze ukuwubona kusenesikhathi obangelwe yithi. Uma sihluleka ukwenza ngokuvumelana nale migomo, sinomthwalo wokulahlekelwa noma umonakalo obhekana nawo ebesikwazi ukuwubona oholele ekuphulweni kwale Migomo Yokusebenzisa noma ukuhluleka kwethu ukusebenzisa ukunaka nekhono, kodwa asinakubekwa icala nganoma yikuphi ukulahlekelwa noma umonakala ebesingenakuwubona kusengaphambili. Ukulahlekelwa noma umonakala ongabonakala kusengaphambili uma kucacile ukuthi uzokwenzeka, ngesikhathi wamukela le Migomo Yokusebenzisa, thina nawe besazi ukuthi ungenzeka. Asikhiphi noma sinciphise nganoma iyiphi indlela isibopho kuwe lapho kuwukwephula umthetho ukwenza kanjalo. Lokho kuhlanganisa isibopho sokufa noma ukulimala okubangelwe ukunganaki kwethu noma ukunganaki kwezisebenzi zethu, amaxusa noma izinkampani ezingaphansi kwethu noma ukukhwabanisa.

Lapho sinomthwalo womonakalo wempahla yakho. Uma okuqukethwe okuyiphutha esikufakile kulimaza umshini noma izinto zakho ezisemshinini wobuchwepheshe, sizolungisa umonakalo noma sikukhokhele isinxephezelo. Nokho, ngeke sibekwe icala ngomonakalo obungawugwema ngokulandela iseluleko sethu sokufaka ukuthuthukisa okuthola mahhala noma umonakala obangelwe ukwehluleka ukulandela ngokunembile iziqondiso zokufaka noma ukuba nezimfuneko zokuqala zohlelo ngendlela esikweluleke ngayo.

Asinakubekwa icala lokulahlekelwa ebhizinisini. I-App ihloselwe ukusetshenziswa ekhaya futhi isetshenziswe nguwe kuphela. Uma usebenzisa i-App kwezentengiselwano, ibhizinisi noma ngezinjongo zokudayisa ngeke sibe necala uma ulahlekelwa yimali, ibhizinisi, ukuphazamiseka ebhizinisini, noma ulahlekelwe yithuba lebhizinisi.

Ukulinganiselwa kwe-App. I-App ihloselwe ukunikeza iminingwane evamile kanye nokukusiza uhlele uhambo, indawo yokuhlala, nokuthola isibonelelo sezindleko phakathi nokubamba kwakho iqhaza Ocwaningweni Lwezokwelapha kuphela. Ayinikezi iseluleko okufanele uncike kuso. Kumelwe uthole iseluleko sikangoti ngaphambi kokuba uthathe, noma ugweme ukuthatha isinyathelo esithile, ngokusekelwe eminingwaneni oyithole ku-App. Nakuba senza imizamo ebonakalayo yokuthuthukisa iminingwane esiyifaka ku-App, asisho, asinikezi waranti noma isiqinisekiso, ngokukhuluma noma ngenye indlela, ukuthi leyo mininingwane inembile iphelele noma eyakamuva.

Singase siinqamule amalungelo akho okusebenzisa i-App uma uphula le Migomo Yokusebenzisa. Singase siinqamule amalungelo akho okusebenzisa i-App nganoma yisiphi isikhathi uma uphule le migomo ngendlela embi kakhulu. Uma lokho okwenziwe kungalungiswa sizokunika ithuba elanele lokwenza lokho.

#### **Uma siinqamule amalungelo akho okusebenzisa i-App**

10. kumelwe uyeke yonke imisebenzi egunyazwa yile migomo, kuhlenganise ukusebenzisa i-App;
11. kumelwe usule noma ususe i-App kuwo yonke imishini yakho futhi ngokushesha ushabalalise onke amakhophi e-App onawo futhi uqinisekise ukuthi ukwenzile lokhu;
12. singase singene emshinini wakho futhi siyisuse i-App.

#### **Imigomo kanye Nokuqedwa**

13. Lesi Sivumelwano siyoqhubeka sisebenza kuze kube yilapho siinqanyulwa nguwe NOMA yithi.
14. Ukunqamule lesi sivumelwano ngeke kunqamule ukubamba kwakho iqhaza Ocwaningweni Lwezokwelapha, lapho khona ukubamba kwakho iqhaza kwenganyelwe umxhasi/inkampani ekhethiwe eseceleni engeyona ingxenye ye-Ilillingworth.
15. Ungase unqamule lesi Sivumelwano ngokusula i-App kanye nawo wonke amakhophi ayo emshinini wakho. Sikukhuthaza ukuba uqikelele ukuthi zonke izicelo ozenze nge-App zifeziwe ngaphambi kokuba wenze lokhu.
16. I-Ilillingworth ingase, ngokuthanda kwayo, nganoma yisiphi isikhathi nangaphandle kwesizathu, imise noma inqamule lesi Sivumelwano ngaphandle kokukhipha isaziso kusengaphambili.

### **Eminye imigomo ebalulekile**

17. Singase sidlulisele amalungelo ethu kanye nezibopho ngaphansi kweMigomo Yokusebenzisa kwenye inhlango. Sizokutshela njalo ngokukubhalela uma lokhu kwenzeka futhi sizozinisekisa ukuthi ukudluliselwa kwezinto akuwathinti amalungelo akho.
18. Kudingeka uvume ukudluliselwa kwamalungelo akho komunye umuntu.
19. Ungadlulisela kuphela amalungelo noma izibopho zakho ngaphansi kwale migomo komunye umuntu uma sivume sabhala phansi.
20. Lesi sivumelwano asinikezi malungelo kunoma iyiphi inkampani eseceleni okusebenzisa noma yimiphi imigomo kulesi Sivumelwano.
21. Uma noma yini enikezwa yilesi Sivumelwano igodlwa ngoba ingasebenziseki noma ingasasebenzi, lokho kuyoshintshwa futhi kuchazwe ukuze kufinyelelwe imigomo yalokho ngokwezinga eliphakeme ngaphansi kwemithetho esebenzayo futhi izinsiza ezisele ziyoghubeka zisebenza ngokugcwele.
22. Ngisho noma sephuza ekusebenziseni lesi Sivumelwano, singakwazi ukusisebenzisa kamuva. Ngisho noma singaphoqi ukuthi ngokushesha wenze lokho okudingeka ukwenze ngaphansi kweMigomo Yokusebenzisa, noma uma sephuza ekuthatheni izinyathelo ngokumelene nawe mayelana nokuphula lesi Sivumelwano, lokho akusho ukuthi ngeke kudingeke ukuba wenze lezo zinto futhi ngeke kusivimbele ekuthatheni izinyathelo ngokumelene nawe kamuva.